Phakathi kwezinyanga eziyishumi nambili ezilandelayo i-South Africa izoba nokhetho lokuqala ngqa lukaZwelonke. Wonke umuntu oneminyaka yobudala elungele ukuvota uyokuba nethuba lokuzwakalisa ukuthi kuyoba yimuphi uhulumeni wakusasa. Abantu abaningi bayobe beqala ukuvota.

Njengoba ukhetho luyoba uguquko emlandweni wethu sikholwa ukuthi, njengabaholi bamabandla eNatali, kufanele sithumele, umlayezo obalulekile kubantu bakithi bonke mayelana nokuthi yikuphi okuyodingeka ukuze sibe nokhetho olukhululekile nolufanelekile kanye nomphakathi wentando yeningi, ngokuyiqiniso. Isifiso sethu ukuthi lolukhetho kumele lwenziwe ngendlela eyofunzelela ithemba nesibindi kwintando yeningi.

Kuningi okungaqondakali futhi ulwazi lwamanye amazwe lukhomba ukuthi izinga lokungqubuzana kanye nodlame lukhulu. Namanje abantu abangaphezu kwezinkulungwane eziyisikhombisa bafa odlameni lwezepolitiki eNatali kusukela ngo 1987. Ezinye izinkulungwane zabantu zalimala noma kokunye amakhaya abo ashiswa baphenduka izimpabanga ezweni lakubo. Enye yezimbangela eziphambili zodlame ukungabekezelelani kwezepolitiki.

## Intando yeningi

Ukuze sinqobe ukungabekezelelani kwezepolitiki kumele sikhumbule ukuthi umuntu ngamunye udalwe ngokomfanekiso kaNkulunkulu. Sonke sinesithunzi esifanayo esasinikwa nguNkulunkulu. Kungakho iBandla likholwa ukuthi intando yeningi iyisimo esingcono kakhulu sikahulumeni; ihlanganisa abantu abaningi kuhulumeni, bonke bekhululekile mayelana nalesithunzi esinikezwe nguNkulunkulu. AmaKrestu kufanele ahambe phambili ekukhuthazeni intando yeningi, ekusondezeni umphakathi kulokho esikholwa ukuthi kuyintando kaNkulunkulu.

Intando yeningi eyiqiniso idinga amaqembu amaningi ahlukene kanye nemibono ehlukene. Wonke lamaqembu kumele avunyelwe ukusebenza ngokukhululeka futhi abantu kufanele bakhululeke ekuzikhetheleni kuwona. Wonke umuntu kufanele akhombise wonke amaqembu ukubekezelelana okudingwa luthando lobuKrestu. Iqembu eliphumelelayo kufanele lisebenzele isizwe sonke. Lawo maqembu angaphumelelanga kufanele enze umsebenzi omqoka wokumelela idlanzana ngenqubo yentando yeningi – njengabaphikisayo ephalamende.

Kepha intando yeningi enamaqembu amaningi, ngokwayo ayiqinisekisi ubulungiswa obuliqiniso kubantu bonke. Ukuze kuvinjelwe ukuphathwa kabi kwentando yeningi, lokhu okulandelayo kuyadingeka:

- ukuhlonipha amalungelo oluntu;
- ukwazisa amalungelo enhlalo nezomnotho;
- uhlelo lwezomthetho olufanelekile noluzimele;
- ukubika okukhululekile futhi okuvulelekile kumaphephandaba, emsakazweni nakuthelevishini;
- ukuvikelwa nokusekelwa komndeni njengengxenye eyisisekelo somphakathi;
- ukukhathalela abantu abampofu;
- ukuhlonipha imibono engafani;
- ukhetho olusemthethweni.

Kwesinye isikhathi, ngenxa yokuthi abantu bayavilapha noma banokwesaba noma abanandaba ngentando yeningi, bavumela izazi zepolitiki ukuba ziphoqelele ulwazi lwazo ngaphandle kokuziphosela inselelo. Intando yeningi kumele ivikelwe ngezikhathi zonke, ngaphandle kwalokho ngeke iphumelele. AmaKrestu kufanele aqaphele futhi abambe iqhaza ngokuphelele kulokhu kuvikela.

Kepha, akusiwona umsebenzi wabaholi bamabandla ukuzihlanganisa nezepolitiki noma ukuthi abafundisi bangenele ukhetho. Akufanele basekele amaqembu athile ezombusazwe. Kepha iBandla linelungelo kanye nomsebenzi wokuphawula mayelana namaphuzu obulungiswa, noma ngabe lokhu kuchaza ukukhuluma ngamaphuzu ezepolitiki. Futhi iBandla linomsebenzi wokusiza abantu ukuba baqonde ngokubaluleka kwentando yeningi.

## Izethembiso zamaqembu ezepolitiki malungana nokhetho

Abantu bazabalaze kanzima kanti abanye bafele ilungelo lokuvota. Kuyilungelo eliyigugu kangangoba sinesibopho sokulisebenzisa ngokuhlakanipha. Kudingeka sicabange ngokuqikelela ngenkathi sivota, ngoba kungumsebenzi obalulekile.

Kufanele sibuze imibuzo malungana namaqembu futhi sibuyekeze imigomo yawo mayelana nokubaluleka kwevangeli. Kufanele sicabangisise mayelana nezethembiso ezenziwa ngamaqembu ngaphambi kokhetho. Uma iqembu lethembisa okungaphezu kokungenzeka (njengokuthi liyonikeza bonke abantu imisebenzi kanye nezindlu ngokushesha), sinokubona ukuthi leloqembu alithembekile. Uma iqembu lingayikhathalele indaba yezindlu kanye nemisebenzi, sinokubona ukuthi leloqembu alinaso isihawu ngabantu abahluphekayo.

## Ukulungiselela ukhetho – singasiza kanjani

Ukuze sibe nokhetho olukhululekile nolufanelekile, kudingeka sakhe isimo lapho kungakhuthazwa umsebenzi wezepolitiki okhululekile. Siqinisekise iqhaza elingabanjwa ngabaqapheli bendawo nabezizwe ekwakheni lesisimo. Bangasiza ekunciphiseni izinga lodlame, futhi baveze obala izimo zokungabekezelelani, njengokuphoqwa kwabantu ukuba bajoyine iqembu lepolitiki, ukwenqatshelwa izindawo zokuhlangana noma kokunye ukuvinjelwa ukwenza imihlangano.

Sidinga abaqapheli abaningi bezizwe ngezizwe kunalaba abakhona eSouth Africa njengamanje. Ngaphezu kwalokho izinkulungwane zabantu base South Africa kuyodingeka ziqeqeshelwe ukuba ngabaqapheli kanye nokuba yiziphathimandla zokhetho. Lona ngumsebenzi omqoka kakhulu futhi sikhuthaza abantu bakithi ukuba bazinikele kuwo.

Kunenye indlela amabandla ethu angasiza ngayo ekulungiseleleni ukhetho. Bonke abantu abaneminyaka yobudala elungele ukuvota kuyodingeka bathole omazisi (I.D.). Amabandla ethu anganeqhaza elimqoka ekulekeleleni abantu ukuba bafake izicelo zomazisi ngesikhathi esifanele.

## Isikhathi esizayo

Njengobo sibheke isikhathi esizayo, sifuna ukukhuthaza wonke amalunga amabandla ethu ukuba abambe iqhaza ngokuphelele emphakathini wentando yeningi nokhululekile, osekukudala siwukhulekela futhi siwusebenzela. Nanoma yimuphi umzamo wokuvimbela intando yeningi uyodlondlobalisa udlame – futhi wenze isimo somnotho sibe sibi kakhulu; empeleni kufanele sibuke lemizamo njenganephambene nentando kaNkulunkulu futhi ngalokho iyisono.

Futhi kufanele sithi izakhiwo ezintsha, noma ngabe zinokulunga, ngeke zisindise izwe lakithi ngaphandle kokuba uthando lukaNkulunkulu luguqule izinhliziyo zethu. IBandla limema wonke umuntu kulokhu kuguqula inhliziyo.

## Intando kaNkulunkulu

Ekusinikeni lelizwe, uNkulunkulu ubeka inhlalakahle yalo ezandleni zethu. Njengoba sigudlukela enkathini ezayo engeyentando yeningi, sonke simiselwe ukuba sihlenge izwe lakithi enhluphekweni nasodlameni ukuze wonke umuntu ahlale ngokuthula. Uma sikhetha uhulumeni onakekela bonke abantu, kanye nomhlaba nezimfanelo zawo, siyosiza ekuletheni intando kaNkulunkulu kwiSouth Africa.

Eqiniswenі yilokhu esikukhulekelayo nanini uma sithi "umbuso wakho mawufike emhlabeni njengoba kwenzeka ezulwini". Kulezizikhathi ezibucayi asikhulekele futhi sisebenzele kakhulu iSouth Africa entsha, enobulungiswa, engeyentando yeningi futhi enokuthula.

*Bishop Mansuet Biyase* **Roman Catholic Diocese of Eshowe**
*Bishop Ross Cuthbertson* **Anglican Bishop Suffragan of Natal, Coastal area**
*Bishop Brian Fennell* **Natal West District, Methodist Church**
*Ms Virginia Gcabashe* **Vice President, South African Council of Churches**
*Rev Dirk Gevers* **Moderator, Presbytery of Durban**
*Bishop Dominic Khumalo OMI* **Auxiliary, Roman Catholic Archdiocese of Durban**
*Rev Sam Khumalo* **Moderator, Presbyterian Church of Africa**
*Bishop Norman Hudson* **Natal Coastal District, Methodist Church**
*Rev Norman Sokhela* **Natal President, Baptist Convention of South Africa**
*Archbishop-Emeritus Denis Hurley OMI* **Roman Catholic Archdiocese of Durban**
*Bishop Matthew Makhaye* **Anglican Bishop Suffragan of Natal, Northern Area**
*Rev Samuel Marais* **Chairperson, Natal Regional Council, United Congregational Church**
*Rev Freddy Mayekiso* **Presiding Elder, African Methodist Episcopal Church**
*Rev Dr Khoza Mgojo* **President, South African Council of Churches**
*Bishop Paul Themba Mngoma* **Roman Catholic Diocese of Mariannhill**
*Bishop Stanley Mogoba* **Presiding Bishop, Methodist Church of Southern Africa**
*Archbishop Wilfrid Napier OFM* **Roman Catholic Archdiocese of Durban**
**President, Southern African Catholic Bishops' Conference**
*Bishop Michael Nuttall* **Anglican Diocese of Natal**
**Dean, Church of the Province of Southern Africa**
*Bishop Michael O'Shea OSM* **Roman Catholic Diocese of Ingwavuma**
*Bishop Paschal Rowland OFM* **Roman Catholic Diocese of Dundee**
*Bishop Philip Russell* **former Anglican Archbishop of Cape Town**
*Very Rev John Salt, OGS* **Vicar General, Anglican Diocese of Zululand**
*Mr Richard Steele* **Presiding Clerk, Religious Society of Friends**
*Bishop Simon Peter Zulu* **South-Eastern Diocese, Evangelical Lutheran Church**

*10 June 1993*

*Ukubonga:* "Kwikusasa lentando yeningi", incwadi yabefundisi yenkomfa yababhishobhi bamaKhatholike eSouth Africa ku 1993.

**Ishicilelwe**
**Ngabaholi bamabandla eNatali · PO Box 1879 · Durban 4000**
**Iyatholakala ngesiNgisi, isiZulu noma isiBhunu ukuze ifiyelele kubantu bonke:**
**Ucingo (031) 305-6001 noma Fax: (031) 305-2486**